

## IHHOVISI ELILAWULA IMPAHLA EMNGCELENI LAKWASARS LIBAMBE UPHONDO LUKABHEJANE E-OR TAMBO

**Tshwane, 3 kuNhlangulana 2020** – IHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lusebenzisana noMnyango Wamaphoyisa (SAPS) emva kokuthola ulwazi ngomthwalo osolisayo lukwazile ukuvimba umzamo wokushushumbisa uphondo lukabhejane obeluzophuma la ezweni lulubanguse e-Abu-Dhabi.

Ithimba leHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni liphendule ngokuthumela izisebenzi endaweni ehlala izikhwama lapho okwakuhlolwa khona izikhwama ngobuchwepheshe bomshini, obuveza izithombe. Izinto ezimbili kulezo zikhwama ezazigoqwe ngocwazi zathathwa zayiswa endaweni okuhlolwa kuyo impahla eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, lapho ezaphinda zahlolwa khona ngomshini wobuchwepheshe bomshini zase ziyaseshwa. Kuthe sezikuhloliwe, kwatholakala izingcezu zophondo lukabhejane eziyishumi nesikhombisa (17), ezinesisindo esingama-25kg. I-SAPS ibe isithatha umgibeli yamyisa esiteshini samaphoyisa i-International Police Station. Izimpahla zabe sezidluliselwa emaPhoyiseni ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

USARS ubone ukwenyuka emizamweni yokushushumbisa uphondo lukabhejane ngokusebenzisa isikhumulo sezindiza i-OR Tambo International Airport. Ngesikhathi esiphakathi kukaNtulikazi 2020 kuya kuMbaso 2022 kwaboshwa abantu abayisikhombisa (7) ngenxa yophondo lukabhejane olwaluyizingcezu eziyi-137 uma sezipehelele futhi zinesisindo esingama-482kg, olwabanjwa ngohlelo xhumano lokuhlonza abantu nangokwabelana ngolwazi.

- KuMbaso 2022: izingcezu eziyishumi nambili (12) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingama-30.7kg
- KuZibandlela 2021: izingcezu eziyisithupha (6) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingu-4kg ezadalulwa kwaba 'Izimpahla zomuntu'.
- KuZibandlela 2021: izingcezu ezinhlanu (5) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esiyi-10kg ezazidalulwe njengemishini yokuhlola ngaphakathi 'Scanners'.
- KuNtulikazi 2021: izingcezu ezingamashumi amathathu nambili (32) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esiyi-160kg ezidalulwe kwathiwa 'Izitshalo eziphilayo'.
- KuNhlolelanja 2021: izingcezu eziyishumi nesishiyagalombili (18) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingama-63kg ezazidalulwe njengama-'HP Cartridges Developers'.
- KuZibandlela 2020: izingcezu eziyishumi nesikhombisa (17) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingama-72.4kg ezazifihlwe kusishisisimanzi i-geyser.
- KuMandulo 2020: izingcezu eziyisithupha (6), ezinesisindo eziyi-4.9kg ezazidalulwe njenge "zinhlamvu zekhofi".

- KuNtulikazi 2020: izingcezu ezingamashumi amane nanye (41), ezinesisindo esiyi-137kg ezazidalulwe njengezinto "zobuciko bezandla".

UKhomishana wakwaSARS uzwakalise ukubonga kwakhe ngokuqapha okwenziwa yizo zonke izisebenzeli zokuphoqeelwa komthetho ekulweni nemizamo esigcwele eyenziwa yizigebengu zizama ukushushumbisa uphondo lukabhejane.

Uthe, "Kusobala ukuthi izigebengu azisenamahloni ngokushushumbisa uphondo lukabhejane. Imizamo ebonakalayo yezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zisebenzisana nozakwabo eMnyangweni Wamaphoyisa ukuvimba lobu bugengu obubi kangaka idinga ukushayelwa ihlombe yizo zonke izakhamizi zaseNingizimu Afrika. Umyalezo wethu akumele ube nemiqondo eminingi kulawa maqembu ezigebengu, wokuthi siyokwenza konke okusemandleni ukubhekana nabo ngqo. Isizukulwane sethu sakusasa sifanelwe ukubona amagugu ezilwane zethu zasendle kuzwelonke".

Uqhubeke wathi, "Njengezwe, asidingi kuphela ukuvikela lezi zilwane ezisengcupheni yokushabalala kodwa kumele siqinisekise ukuthi laba abazimisele ngale ndlela yokuphila, bayashushiswa, bagwetshwe futhi babhadle ejele isikhathi eside. Lokhu kuwukucekela phansi umnotho wethu ngenhloso futhi okuhleliwe".

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)

IYAPHELA



